

Izigqi Zempilo



ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:

Genesisi 1, Gen. 8:22, Hubo 90:10, Jobe 1:13–19, Zenzo9:1–22, Fil. 1:6, Rom. 8:1.

Indimana Yekhanda:

“Konke kunesikhathi sakho, isikhathi sayo yonke inhloso phansi kwezulu”(Mshumayeli 3:1, NKJV).

Ezinye zezinkondlo ezinhle kunazo zonke ezake zabhalwa zaqhamuka kwiNkosi uSolomoni: “Konke kunesikhathi sakho, yonke indaba inomzuzu wayo phansi kwezulu: isikhathi sokuzalwa nesikhathi sokufa, isikhathi sokutshala nesikhathi sokusiphula okutshaliweyo; isikhathi sokubulala nesikhathi sokuphilisa, isikhathi sokudiliza nesikhathi sokwakha; isikhathi sokukhala nesikhathi sokuhleka, isikhathi sokulila nesikhathi sokusina; isikhathi sokuphonsa amatshe nesikhathi sokuqoqa amatshe, isikhathi sokugona nesikhathi sokungani; isikhathi sokufuna nesikhathi sokulahlekelwa, isikhathi sokugcina nesikhathi sokulahla; isikhathi sokuklebhula nesikhathi sokuthunga, isikhathi sokuthula nesikhathi sokukhuluma; isikhathi sokuthanda nesikhathi sokuzonda, isikhathi sokulwa nesikhathi sokuzola” (Mshum. 3:1–8, NKJV).

Lawomazwi aveza okuningi ngobukhona besintu—izikhathi, izigqi zempilo yethu. Yebo, izimpilo zethu zidlula ezigabeni, ezinguqukweni, futhi zikwenza lokho kusukela sizalwa. Ngezinye izikhathi izinguquko zinhle, ngezinye cha: ngezinye izikhathi ziyazilawula izinguquko; ngezinye cha. Kuleliviki sizobuka ezikhathini kanye nezigqi zezimpilo zethu, ikakhulu njengalokhu zisithinta kanye nemindeni yethu, futhi.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-April 6.*

Ekuqaleni

IBhayibheli liqala ekuqaleni, okuyingakho ngokungangabazi liqala ngamagama (empeleni ngegama elilodwa kwisiHeberu), “Ekuqaleni...” (Gen. 1:1). Ukugxila kwalesisahluko, nembala, kusekuguqulweni komhlaba esimweni “sokungabi yilutho, nokungabi nalutho” (Gen. 1:2) ukuyoba ngumhlaba uNkulunkulu uqobo, ngosuku lwesithupha, awumemezela ngokuthi “muhle kakhlu” (Gen. 1:31). Kafushane, ekuqaleni lapha yisiqalo somhlaba wethu.

Funda uGenesisi 1. Nakuba kukuningi okwenzekayo, zibuze lombuzo: Kukhona okuveza ukuzenzekela, noma ngabe konke kwenzeka ngendlela enohlelo nakho konke ngezikhathi ezifanele nakwindawo efanele na? Ipendulo yakho ithini mayelana nesimilo sikaNkulunkulu na?

U-Ellen G. White waloba ukuthi “ukuhleleka ngumthetho wokuqala weZulu” (Signs of the Times, June 8, 1908); kuyabonakala nokuthi nasemhlabeni futhi. Nakuba isono siphazamise umhlaba wemvelo, ezingeni elithile, ukuhleleka, isigqi, nokuvama kusekhona

Funda uGenesisi 8:22. Ukuhleleka kubonakala kanjani lapha, futhi na?

Nangemuva Kokuwa, izikhathi ziyafika futhi zidlule ngendlela ehlekileyo—ngokujwayelekile. Yingakho, ngokuhambisana nokukhanyisayo esibhakabhakeni, okungukuthi, ilanga nenyanga, okumele “kwehlukanise imini nobusuku . . . zibe yizibonakaliso zezinkathi, nezezinsuku, nezeminyaka’ ” (Gen. 1:14, NKJV), kunezinkathi futhi, konke kuyingxenye yesigqi semvelo somhlaba owadalwa nguNkulunkulu. Nembala futhi, nakuba sibona ukhasha okwamanje, indimana enjengoIsaya 66:23 isikisela ukuthi ezulwini elisha kanye nasemhlabeni omusha lomuzwa wesigqi, nakhona uyobakhona, futhi.

Cabanga ngendlela iSabatha, ngendlela evamile enamandla, eliyithinta ngayo impilo yakho, ikakhulu impilo yomndeni wakho, nakuba iyini. Yikuphi okuhle, hhayi kuphela okungeSabatha, kodwa empeleni okumayelana nokuthi lifika njalo na?

Izigqi Zempilo

Osoyansi bakhuluma ngokuthile okubizwa ngezigqi ze-circadian, umqondo wokuthi kunezigqi zomzimba (ngezinye izikhathi ezibizwa “ngamawashi omzimba”) ezihlela ukusebenza kwemizimba yethu. Ngamanye amazwi, izinga elithile lokuvama likhona nakuyo mizimba yethu. Yingakho, nginga elithile, Izigqi zikhona yonke indawo nangaphakathi kithi.

Yiziphi izikhathi ezilindelekile Zempilo ezibaluliwe kulezizahluko ezilandelayo zeMibhalo, futhi zixhumana kanjani nempilo yomndeni na?

Mshum. 3:2 _____

Gen. 21:8, AbaHlul. 13:24 _____

Hubo 71:5, Zaga 5:18 _____

Gen. 15:15, AbaHlul. 8:32 _____

Hubo 90:10 _____

Phakathi kwezinhlangothi zombili zencwadi yokuphila, ukuzalwa kanye nokufa, sonke sidlula phakathi kwezikhathi ezahlukahlukene, zehlukile kumuntu ngamunye. Ezinye izingane aziphili isikhathi eside emuva kokuzalwa kwazo; ezinye zikhula zibe ngabantu abadala abaphila baze bakhokhobe. Izingane zikhula zithuthuke ngesivini sazo. Ezinye zihamba noma zikhuluma ngokushesha kunezinye. Ezinye zizokwazi ukuya esikoleni futhi zikhule zibe ngochwepheshe, ngenkathi ezinye zizonikela isikhathi sazo kwezinye izinhlobo zokusebenza. Ezinye zizoba nemindeni, ezinye zingeshade futhi zingebe nazo izingane. Kunezigidigidi zabantu emhlabeni, futhi nakuba sonke sinokuningi okufanayo (buka iZenzo 17:26), ngamunye kithi sehluke, futhi ngalokho, ukwehlukana kuzobakhona ezimpilweni zethu ngamunye. Ngalowo mqondo, futhi, lomehluko ubalulekile ngoba usenza singafani, okusho ukuthi umuntu ngamunye kithi unokuthile angabelana ngakho abanye abangenako. Kafushane nje, umehluko phakathi kwethu usivumela ukuba sibe yisibusiso kwabanye. Ngokwesibonelo, bobabili abasha nabadala bangaba nenzuzo kulokho omunye nomunye angakunikeza omunye: “Udumo lwabasha lungamandla abo, nesivunulo sabadala singubumpunga” (Izaga 20:29, NKJV). Noma ngabe yisiphi isigaba esikuso, noma ngabe yimuphi umehluko phakathi kwethu, sonke sinokuthile esingakunikeza, hhayi kuphela kuJehovah, kepha komunye nomunye, ngokunjalo.

Nakuba sinjani isimo sakho sempilo njengamanje, yini ongayenza ukuba yisibusiso komunye na? Yini ungenzi umzamo obonakalayo wokuba yilesosibusiso, ikakhulu kothile emndeni wakho na?

Okungalindelekile

Funda uJobe 1:13–19, 2:7–9. Yini eyenzeka kuJobe na? Yiziphi izindlela lamava aveza ngazo lokho okwenzeka kuwo wonke umuntu, nganoma iyiphi indlela, noma yingasiphi isikhathi na?

Isihlakaniphi esingumGriki u-Heraclitus wathi “akukho okungunaphakade ngaphandle kwenguquko.” Lapho nje kubonakala sengathi konke kuhamba kahle, okungalindelekile kuyenzeka. Kungaba ngukulahlekelwa ngumsebenzi noma isitho, ukugula okusilalisayo noma kusise ekufeni ngaphambi kwesikhathi, ukusha kwendlu, ingozi yemoto, ukuwa ngenkathi uhamba nesilwane osifuyile. Nembala, akuzona zoke izinguquko okumele zibe zimbi. Mhlawumbe ukwenyuselwa emsebenzini kuholela esimweni esingcono kwezomnotho. Noma mhlawumbe uhlangana nothile ozoba ngumlingani wakho, inguquko eyamukelekile.

Noma ngabe kunjani, singabe siqhubeka, nangokujwayelekile, isigqi, ngenkathi, ngokuphazima futhi ngokungalindelekile, konke kuphazamiseka. Ngokuqinisekile uJobe wayengasilindele isikhathi esisha empilweni yakhe. IBhayibheli limchaza njengendoda “eyeyingenasici elungile, eyayimesaba uNkulunkulu, futhi ibalekela okubi” (Jobe 1:1, NKJV). Siyazi futhi ukuthi wayeshadile, enamadodana ayisikhombisa kanye namadodakazi amathathu, futhi ecebile kakhulu (Jobe 1:2, 3). Sithi lapho sifika maphakathi nencwadi, usehlupheke ngokulahlekelwa okuyisithupha: impahla yakhe, izisebenzi zakhe, izingane zakhe, impilo yakhe, ukuphaswa ngumkakhe, kanye nokukhuthazwa ngabangani bakhe. Umhlaba wakhe uphendukezelwe kanti impilo yomndeni wakhe ishabalele.

Nakuba lokho okwenzeka kuJobe kwakwedlulele kakhulu, ngubani phakathi kwethu ongakaze abe namava alokho okungalindelekile, ngendlela embi na? Impilo ingabe iqhube kahle lapho, ngokuphazima futhi nangaphandle kwesixwayiso, konke kuyaguquka, futhi izimpilo zethu—kanye nezomndeni wethu—zingaphinde zifane futhi. Lokhu akuyona into entsha. Kunokwenzeka ukuthi uAbele wayengakulindele ukubulawa, futhi noJosefa wayengakulindele ukuthengiselwa ebugqilini eGibhithe. Kuzo zombili lezizindaba, amalungu omndeni ayengabakhapheli, futhi kuzo zombili izindaba imindeni yathinteka kakhulu ngalokho okwenzeka kwamanye amalungu. Izibhalo zigcwele izibonelo zabantu ompilo yabo, kanye nemindeni, eyaguqulwa kakhulu ngokungalindelekile.

Ukholo lwakho lukusize kanjani phakathi kwezinhlupheko okuthi ngokungalindelekile ziphazamise Izigqi Zempilo yakho na?

Izinguquko

Iqiniso wukuthi imvamisa isintu yizidalwa zomkhuba. Futhi siyagxila, nembala, ezindleleni zethu, futhi ngokuya sikhula, kuba lukhuni ukuguqula lezozindlela. Nembala, asiguquki kalula. Mangaki amakhosikazi akhonondile eminyakeni, “Ngizamile ukuguqula umyeni wami, kodwa. . .”? nakuba kunjalo, uNkulunkulu usembezini wokuguqula, uma kungesona isimo sethu kodwa, ngokuqinisekile, izimilo zethu. Yilokho kakhulu okungecebo losindiso: uNkulunkulu esenza abantu abasha Kuyena.

Iyiphi inguquko enkulu eyenzeka kuSawule wase-Tarsus, futhi yenzeka kanjani na? Zenzo 8:1, 3; 9:1–22; Gal. 1:15–17.

“Lapho uSawule ezinikela ngokuphelele emandleni agwebayo kaMoya oNgcwele, Wabona amaphutha empilo yakhe futhi Wabona ukubanga okukhulu komthetho kaNkulunkulu. Yena owayengumFarisi ozidlayo, ezethemba ukuthi wayelungisiwe ngemisebenzi yakhe emihle, manje wayekhothame phambi kukaNkulunkulu ngokuzithoba kanye nobulula bengane, evuma ukungafaneleki kwakhe futhi enxusa ukufaneleka koMsindisi obethelwe futhi wavuka. USawule wayelangazelela ukufinyelela ekuvumelaneni kanye nasekuxhumaneni okuphelele noBaba kanye neNdodana; futhi ekushisekeni kwesifiso senhliziyo yakhe ukuba ithethelelwe futhi yamukeleke wanxusa kakhulu. . . . “Imikhuleko yalomFarisi ophendukile yayingelona ize. Imicabango ejulile kanye nemizwa yenhliziyi yakhe yaguqulwa ngumusa ongcwele; kwathi izigaba zakhe eziphakeme zalethwa ekuzwaneni nezinhloso zaphakade zikaNkulunkulu. UKristu kanye nokulunga Kwakhe kwaba kuSawule ngokusemqoka kunezwe lonke.”—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, pp. 119, 120. Nakuba izindaba zokuguquka kwethu zingafani nokukaSawule, kumele sonke sibe nendaba yethu, amava endlela uNkulunkulu asebenze ngayo ezimpilweni zethu ukusiguqula, ukusenza uhlobo lwabantu esaziyo ukuthi kumele sibe yilo. Yebo, indlela ingaba yinde, futhi ngezinye izikhathi kulula ukuzibuza ukuthi soke siguquke yini. Ezikhathini ezinjengalezi, izindimana ezimbili zeBhayibheli zisemqoka kakhulu ukuba sizindle ngazo nokuthi sizibangele zona.

Funda abaseFiliphi 1:6 kanye nabaseRoma 8:1. Yiziphi izithembiso ezimbili ezinkulu ezitholakala kulezizahluko, futhi zihambisana kanjani namava omKristu na?

Ukuxhumana

IBhayibheli yincwadi yobudlelwane. UNkulunkulu wasidalela ukuba sibe nobudlelwane nabanye. Nembala, bambalwa kithi abaziphilela bodwa ngokuphelele. Zisuka nje, akekho kithi obengabakhona ngaphandle kwabanye. Nangemuva kokuzalwa, sidinga abanye ukuba basinakekele, okungenani kuze kube seminyakeni ethile, bese sizimela. Nakuba besinako, ngubani obengafuna ukuba yedwa na? Iningi lidinga futhi lilangazelela ukuba nabanye abantu. Nakuba izilwane ezifuywayo, njengezinja, zingaba ngabangani abajabulisayo, Ekugcineni ukuxhumana okujulile kanye nokubalulekile futhi nokuguqula impilo kuqhamuka kwabanye abantu. Akumangalisi, ke, ukuthi umndeni, kanye nobudlelwane bomndeni, busemqoka ebukhoni bethu. Ngenxa yokuthi iningi lethu liyaxhumana, imvamisa sonke isikhathi, nabanye, Lokhu kuxhumana kungavama ukuthinta izinguquko kanye nezigqi zezimpilo zethu. Kusebenza ngezindlela ezimbili, nokho: abanye, ekuxhumaneni kwabo nathi, kuthinta izimpilo zethu. Nathi, kusenjalo, ekuxhumaneni kwethu nabanye singathinta izimpilo zabo. Futhi noma ngabe siyabona noma cha (futhi izikhathi eziningi asiboni), lokho kuxhumana, noma kubheke ngakuphi, kungaba ngokobuhle noma ububi. Kuba semqoka kakhulu ke ukuba sithathe izinyathelo zokuqala, ngasosonke isikhathi, ukuze ithonya lethu kwabanye libe ngelokuhle sonke isikhathi, ikakhulu kulabo esisondelene nabo kakhulu, okuvame ukuba ngamalungu emindeni yethu.

Funda izindimana ezilandelayo. Zisithelani ngokumele sikwenze ekuxhumaneni kwethu nabanye na? Rom. 15:7; Efes.4:2, 32; 1 Thes. 3:12; Jakobe 5:16.

Ngezindlela eziningi, isimiso silula. Uma senza ngokuhle, ngobumnene, kanye nangomusa kwabanye, sizoba nethonya elihle phezu kwabo, kuze kube sezingeni lapho singaguqula izimpilo zabo ngendlela enhle. Njengalokhu uJesu eguqula izimpilo zabantu ngendlela enhle, kuba yithuba elikhulu nakithina ukwenza okufanayo kwabanye, ngokunjalo. Futhi, kumele sikhumbule: ithonya lethu lingaba ngelokuhle noma okubi, nangezindlela eziyisinyenela. Futhi akukho lapho lelithonya, liyisinyenela noma cha, ligqame kakhulu kunasemindenini yethu.

Buka izisho ezilandelayo ezimbili zikaJesu: Luka 11:34 no Marko 4:24, 25. Zithini ngokubaluleka kwendlela esixhumana ngayo nabanye na?

Cabanga Kabanzi:

Cabanga ngezinguquko ezenzeka empilweni yabafundi bakaKristu ngenkathi bechitha isikhathi kanye Naye. Babengabantu abangafundile, abaphansi, abajwayele izimfundiso kanye namasiko enkolo yabo yobuJuda, kodwa manje babenikezwa inselele nguRabi waseGalile. Baba namava omona(Mat. 20:20–24) kanye nokungquzulana(Johane 3:25);babebukeka besilela ukholo(Marko 9:28, 29), futhi baze bamlahla(Mat. 26:56) futhi bakhaphela uJesu(Mat. 26:69–74). Kunjalo, babekhula kwezikamoya kangangokuba abantu babona ukuthi uPetro wayekade enoJesu(Mat. 26:73),futhi namalungu e-Sanhedrin amangala ngenkathi eqonda ukuthi uPetro noJohane “kwakungamadoda angafundile futhi engaqaqeshwanga.”“Babona ukuthi ayekade enoJesu” (Zenzo 4:13, NKJV). Cabanga, futhi, ngendlela enkulu esingathinta ngayo ngokuhle imindeni yethu uma besiphila ngendlela eyenza amanye amalungu omndeni athi uma esibona, azi ukuthi “besinoJesu.” Amazwi ka-Ellen G. White athini ngamathonya ekhaya na? “Ikhaya lingaba ngeliphansi, kodwa lingaba njalo yindawo lapho amazwi enjabulo ekhulunywa khona kanye nezenzo zobumnene zenziwa khona, lapho inhlonipho kanye nothando kuyizivakashi ezihlala kulo.”—*The Adventist Home*, p. 18.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Funda uMshumayeli 3:1–8. Zithini lezizindimana, futhi ungazisebenzisa kanjani lezizimiso empilweni nakumava akho na?
2. Eklasini, khulumani ngamava aguqula impilo osudlule kuwo, futhi nikhulume ngezifundo ozifundileyo futhi, uma kufanelekile, izifundo obekumele uzifunde wangazifunda. Yini owayifunda kulezizifundo owawungayazi na? Futhi khulumani ngendlela lamava aguqula impilo athinte ngayo umndeni wakho. Yiziphi izifundo owazifunda kulezizimo, futhi, na?
3. Yiziphi izindlela ophila ngazo namuhla okungukuthi, ukube bekungekona ngenxa kaKrsitu empilweni yakho, ebezizokwehluka kakhulu kunokuba zinjalo manje na? Lokhu kumele kukutsheleni ngamandla kaKrsitu okusiguqula na?